

Ukuhlola Kokuqala: ULimi LokuQala LokweNgeza

Ibanga 3

iThemu: 1





Umsebenzi 1:1

Ukhombisa ukuqonda ulwazi oluyisisekelo. Khetha isihloko esisodwa kwezilandelayo bese uxoxa ngaso.


1. Umcimbi wosuku lokuzalwa kwami
2. Uhambo lwasekhempini.
3. Mhlazane ngivalelwe isichotho.

Umsebenzi 1.2.

Qondanisa imisho nezithombe. Bhala inombolo yesithombe eduze komusho okuyiwonawona.

1		Ikhekhe losuku lokuzalwa libhakwe kuhhavini.	Isib. 2
2		Ngidlala ngebhakede nefosholo ebhishi	4
3		Umama ufundela uOmuhle indaba yokulala.	1
4		Kuhle uxubha amazinyo ngaphambi kokulala.	5













5		inqwaba yesihlabathi inamafulegi amathathu.	6
6		uu uBanele ugijima um umjaho ngokukhulu uk ukushesha.	3

2. Imisindo

Umsebenzi 2.1:

Gcwalisa ngemisindo efanele











Isi__a__a		i__uku	
i__ibi		u__uni	
ama__inyo		i__osi	
u__idi		u__awo	

u__izi		um__anelo	
--------	-----------------------------------------------------------------------------------	-----------	-------------------------------------------------------------------------------------

Umsebenzi 2.2:

Gcwalisa ngemisindo efanele. Sebenzisa imisindo oyinikeziwe kwithebula.







kh	nt	ny	gx	bh	hl	mn	ph	g	l
----	----	----	----	----	----	----	----	---	---

ama_ilebhisi		um_ekisi	
Isi_afu		um_ala	
i_anoyi		i_ulemu	
u_enke		<u>izi_embezi</u>	
i_uthu		u_e_e	



Umsebenzi

Bhala okwenzekayo nokubonayo ezithombeni. Sebenzisa amagama angenzansi ukukulekelela

amadoda	ibalazwe	imophu	Imba	iphoyisa
uwinile	kumanzi	gijima	Ixoxo	ifulegi
inkukhu	umkhiwane	tshikiza	Iwigi	imagi

Umsebenzi 3

3.1 Ukufunda

Usebenzisa amaqhinga okufunda afundwe oLimini lwaseKhaya enza umqondo ukuzigada uma ufunda.

- Ufunda ngokugeleza okuqhubekayo abuye akhombise nangokwenza.
- Khombisa ukuqonda izimpawu zokukhuluma uma efunda ngokuphimisa.
- Uqhubeka nokwakha amagama awafunda ngokuwabona.



Funda indaba bese uphendula imibuzo.

Ibanga lesibili linosuku lokubhaka. Bazabhaka amakhekhe. Bafuna ukuwadayisa esikoleni.



Bazodinga lezinto ezilandelayo: ibhotela, ushukela, amaqanda, kanye nofulawa. uNkk.Duma, uthisha webanga lesibili uzobasiza.

Okokuqala, bazofaka zonke izithako endishini yokuxovela.

Bese beyahlanganisa ngesipunu. Emva kokuhlanganisa bazoyiqoqa inhlanganisela bese beyisika ngezinhlobonhlobo zezimo.

Bazobhaka kuhhavini imizuzu eyishumi. Uma wonke amakhekhe esebhakekile futhi eselungele ukudliwa, sebengawadayisa.



Umsebenzi 3.2 Imibuzo yokugondisisa:

Kokelezela uhlamvu eceleni kwempendulo okuyiyo.

1. Lizokwenzani ibanga lesibili?

- (a) Amakhekhe
- (b) Babhaka amakhekhe
- (c) Bazothenga amakhekhe

2. Ubani ozobasiza ukubhaka ikhekhe?

- (a) Umama
- (b) UNkk. Duma
- (c) Uthishanhloko

3. Bafuna ukuwenzani amakhekhe?

- (a) Bafuna ukuwadla
- (b) Bahlela ukuwadayisa

4. Qedela imisho ngegama elifanele elithathwe endabeni.

- (a) Ibanga lesibili lihlela ukudayisa amakhekhe _____ .
- (b) Bazodinga ibhotela, ushukela, _____, kanye nofulawa.
- (c) Azobhakwa kuhhavini imizuzu _____.

5. Hlela imisho ngendlela okuyiyo ngokugcwalisa izinombolo 1-3 ebhokisini eliseduze nomusho.

	Hlanganisa izithako ngesipunu.
	Bhaka kuhhavini imizuzu eyishumi.
	Faka izithako endishini.



Ngingakwenza kanjani ukufunda kwami kubengcono?

	Ukugeleza Kushelele, okwemvelo, isigqi. Ukuphumula kancane kancane kungashintshi kanye nalapho kudingeka khona.
	Ukukhuluma Ukhulume kuzwakale, Ukwazi ukuzwa onke amagama. Amagama aphiswa ngendlela efanele.
	Ukukhombisa Ushintshe izwi lakho ukhombise ukujabula, ukusaba noma ukugcizelela into ebalulekile.
	Isigqi kanye nephimbo Ukufunda ngezwi elamukelekile kanye nokufunda kuzwakale ngokwanele.
	Isilinganiso Ukufunda ngokushesha okwamukelekile



Umsebenzi 4:

UKUBHALA

- Lungisa imisho exovekile ngendlela ehlelekile bese uyayikopisha.
- Bhala isigaba okungenani esinemigqa emithathu (3).
- Sebenzisa izimpawu zokukhuluma esezifundiwe oLimini lwaseKhaya.
- Hlela ulwazi ngendlela elula.
- Sebenzisa amanye amabizo nezabizwana uma ubhala.
- Sebenzisa inkathi yamanje, inkathi yamanje eqhubekayo, inkathi edlule.

Umsebenzi 4.1

Hlela kabusha imisho exovekile ime ngendlela.

1. ohlakaniphile umntwana incwadi. funda. ewugqinsi

2. ubaba iJeep. ebomvu ushayela

3. sitshala entwasahlobo izimbewu

4. ngokushesha isidlo sekuyisikhathi kuzobe. sasebusuku



Umsebenzi 4.2

Ukubhala

Buka isithombe bese ubhala isigaba esifushane. Okungenani imisho emithathu . Bhala isihloko sakho. (ungasebenzisa amagama angaphansi kwesithombe).



amabhaluni, amashibusi, oswidi, amakhandlela, ikhekhe
asezinkomishini , isiphuzo esibandayo, abangani, izipho, imidlalo,
ikhekhe losuku lokuzalwa, ukudlala, ukudla.

Abafundi bazobhala isigaba esifishane ngesithombe



Umsebenzi 4.3

UKUBHALA

Hlela lezinto ezihlukahlukene ezilandeleyo ngendlela. (uhla)

Ama-apula, inyama egayiwe, amawolintshi, ufishi, amazambane, izaqathi, amagilebhisi, isiteki,

Imifino	Inyama	Izithelo

Umsebenzi 4.4

Ukubhala

Bhala izimpawu zokukhuluma ezifanele emishweni elandelayo.

1. usipho nozama bazobe bedlala ngelwesibili

2. uzethu name sizoya esitolo ngosombuluko

Umsebenzi 4.5

Gcwalisa ngamagama angekho.

wakhe	yakhe	lona	lwami	yethu
-------	-------	------	-------	-------

1. UZodwa ufunda incwadi ____.
2. Sibhala encwadini ____.
3. UNTando ukhalile ngoba ____lilahlekile
4. Namhlanje usuku ____ lokuzalwa.
5. Ubenathi udla ubhanana____.



Umsebenzi 4.6

Qedela imisho ngokudwebela amagama afanele

1. UBongumusa (ubuka, wabuka) ikati.
2. NgoMgqibelo uZiyanda (ukhuluma, wakhuluma) nomgane wakhe.
3. UOlwethu (udlala, udlale) nonodoli wakhe.